AS19%6 _1 _10_ G

AMAZWI OMNTWANA WAKWAPHINDANGENE
UMANGOSUTHU BUTHELEZI
UNDUNANKULU KA ZULU
EMHLANGANWENI WOKUBUYISANA OBIZWE YINGONYAMA
INKOSI YOHLANGA YESIZWE SAKWAZULU

ESIGODLWENI ENYOKENI : NGOLWESIBILI 15 OKTOBA 1996

Nyambose, Mphathi woHlelo - Silo Samakhosi, nina beSilo Abantwana kanye neNdlunkulu, MaKhosi aseNdlunkulu neziNduna zeSilo neziNduna zaMaKhosi.

Lolusuku ngiluthatha ngokuthi lusengukughubeka komhlangano owawubizwe esigodlweni saKwaKhangela mhlaka 15 ku March nonyaka owawubizwe yiSilo esasikuwo sonke kanye noMengameli wezwe uMengameli uMandela. Siyazi ukuthi ngenxa yokuthi wasuke uMengameli wasethi useyahamba awabe usaghubeka umhlangano. Sazama ukucela eSilweni ukuba ughubeke umhlangano noma esehambile uMengameli nokho iSilo kanye noMengameli baphawula ngokuthi kabaginiseki ukuthi kukhona ukuphepha okungabakhona nxa uMengameli esehambile. Ngazama ukucela usuku lokuba lomhlangano ughubeke nokho kakwenzeka lokho ngoba iSilo sakhipha incwadi yaso yohlelo losuku ngosuku sasesibuye siyibuyisela ephaketheni. Sethembisa ukuthi siyobuye iSilo singithinte sabonga sonke sakhuleka. Nokho lokho akuzange kwenzeke. :

Sabikelwa nguNdunankulu weSifundazwe uDr Mdlalose ukuthi iSilo sizogubha uMkhosi waso wokuhlanganisa amashumi amabili nanhlanu sisesihlalweni. Kwaboniswana ukuthi ngenxa yokuba iSilo sesighelelane kangaka namaKhosi, ayizisekelo zaso, kanye nabaNtwana kanye nomphakathi kungakuhle kuzanywe ukuba iSilo sisondelane naBantu baso ungakafiki loMkhosi - uma lomgubho weSilo ungabayinto engenziwa ibeyimpumelelo. Kwaboniswana ukuthi ukuze lokho kulunge kuhle ukuba umhlangano wokubuyisana owemayo mhla ka’ 15 March ughubeke. Kwabaneshwa futhi elavelayo ukuthi kulimale iNdlunkulu nezingane zeSilo belinyazwa ngabantu abahlasela umuzi weSilo KwaMashu. Nalolelishwa okwakufanele lisisondelanise neNkosi yethu ladala ukuba umnkenke wokughibukelana kweSilo kanye nathi ukhamise kakhulu kunangaphambili.

Lona qobo lelishwa laghubekisa ukuba iSilo singafuni ukuhlangana nathi. ˜Okokuqala ngenkathi-nje uMhlonishwa uDokotela uMdlalose engazisa ebusuku ukuthi sekuvele lenhlekelele embi KwaMashu kwahlaselwa umuzi weSilo ngaBantu abangaziwa, ngazama ukuthola ucingo ukuze ngixhumane neSilo. Ngalushaya ucingo lwaphendulwa nguMnu. Jerry Mthenjana. Ngababaza ngengikuzwayo kuMthenjana ngesehlo ngasho ukuthi ngifisa ukukhuluma neSilo ngibabaze ngizwe nokuthi singenzenjani. Ngangicabanga nokuya eSilweni nxa sesixhumene khona kusihlwa. Wathi uMthenjana iSilo sikhona kodwa uthe emva kwemizuzwana ethi usayobika wasebuya eza ocingweni wathi iSilo sesihambile saya kwaDlamahlahla. Ngamangala ukuthi ngoba uthe sikhona uMnu. Mthenjana sihambe nini iSilo futhi nxa yena ekhuluma nami ocingweni sihambe nobani ebusuku ukuya KwaDlamahlahla. Lemibuzo ngathi mina ngizibuza yona ngabona ukuthi kusobala ukuthi iSilo kasithandanga kumpe ukukhuluma nami ngalesosikhathi. ˜ Nokho ngakhuluma noMntwana wakwaZiphethe ukuthi kufanele sivuke ngoMsombuluko siyohlanganisa amehlo

neSilo sihambe noNdunankulu weSifundazwe uDokotela uMdlalose - kanye nabanye abangase baphumelele phakathi kwawoNggongqoshe bakhe ukuhamba nathi. Sakwenza lokho saya kwaKhangela sakubabaza lokhu ekufikeni kwethu kwaKhangela ngoMsombuluko. Kuthe kuyophela lelosonto sasesizwa ngoMggibelo futhi ukuthi sekuvele enye inhlekelele kwalimala iNdlunkulu entathu yeSilo engozini yemoto eyakwaKhethomthandayo, neNdlunkulu uMaNdlovu neNdlunkulu yaseNyokeni uMaMchiza. Ngaphinda futhi ngabeka umbono wokuthi sihambe futhi siyobabaza lomhlolo eNdlunkulu. Nempela sahamba ngoMsombuluko futhi safike sababaza eSilweni ngaze ngathi eNdlunkulwini engugogo weSilo iNdlunkulu uka-Jeremiah sengathi singake sikhiphe nempahla eyizinkomo sibabaze lomkhuba. Ngananazelwa nguMntwana waKwaZiphethe. ISilo sathanda ukuthi sithi singazenzela lokho sona ngezinkomo zaso. Ngakuphendula lokho ngokuthi kungangokuba kwenziwe yithi lokho sikwenzele sona iSilo njengaBantu baso. Kwabakhona nokunye ukukhuluma esakukhuluma neNdlunkulu ugogo weSilo iNdlunkulu isola ngalokho okuthiwa kwenziwa yizingane ngenkathi iSilo kade sizovula iPhalamende yakwaZulu Natal Ondini. Kwasoleka ukuthi mina angenzanga lutho ukunganda lokho. Ngasengizwile ke ukuthi kuningi lokho kukhuluma okunjalo kokuthi njengoba mina ngithi nginguNdunankulu ka Zulu ngangikunqandi ngani lokhu kwedelela kwezingane. Okwesibili kwathiwa ngenkathi uNdunankulu uMdlalose ekhuluma ePhalamende ngezingxoxo ezazighubeka phakathi kweSilo emhlanganweni owabaseSigodlweni seSilo noNggongqoshe weZezifundazwe ngalesosikhathi uMnu. uMeyer ngangingamthulisi ngani. Ngaphendula eNdlunkulwini mayelana nodaba lwezingane ukuthi ngezwa-nje sengixoxelwa ukuthi kubenento enjalo eyenzekileyo ngoba saphuma thina eMkhandlwini kungasekho lutho. Konke lokhu kwacacisa ukuthi ukonakala kwezinto

kuyaghubeka phakathi kwethu neSilo.

Ngakhuluma noMhlonishwa Inkosi uNgubane kanye noNdunankulu weSifundazwe ukuthi ngizobiza aBantwana naMaKhosi onke njengoNdunankulu ka Zulu ukuba sizobonisana ngomuga ovele eNdlunkulu wokulimala kweNdlunkulu. Nempela-ke lowomhlangano sawenza Ondini sanquma ukuba sikhiphe izikomo zokuyobabaza ngokuhlaselwa komuzi weSilo. Kwababuhlungu nxa sibona iSilo ku TV sithi kukhona abathi bazosikhalela kodwa

bezosibhuqa.

Sacela uNdunankulu weSifundazwe uDokotela uMdlalose ukuba asikhulekele eSilweni sicela usuku oluthile egameni labaNtwana kanye naMakhosi. Nempela ke safika kwaKhangela ngosuku esasilucelile safika iSilo singekho. Njengoba iNdlunkulu ugogo weSilo wayekhona neNdlunkulu yakwaMinya sawenza umsebenzi sababaza nezinkomo ezingamashumi amane sazishiya esasizobababaza ngazo. Kuze kubenamuhla kasikaze sibuye sizwelutho ngalokho kwenza kwaBantwana naMakhosi. Angizukungena-nje emampungeni engangilokhu ngiwezwa ukuthi iSilo sithi lezinkomo asizazi ukuthi ngezani. Samangala mhla sikwaKhangela nxa iziNduna zeSilo uMthenjana no Gwala benqaba nxa sibabiza sezwa negama elivela kuMthenjana lokuthi ngeke yena adlale izingane esho kithi.

Okumangalisa kakhulu yikuthi naphezu komhlangano womhla ka 15 March lapho uMntwana wakwaBiyela noMntwana wakwaZiphethe nami sabeka izinto eziningi khona ezonakeleyo phakathi kwethu neSilo, mina njengengane yalaphekhaya, kanye nanjengoNdunankulu ka Zulu, kanye naphakathi koMntwana waKwaZiphethe neSilo, naBantwana neSilo, naphakathi kwaMakhosi neSilo, kodwa sezwa ukuthi iSilo nxa kucelwa lolusuku sithi sona asikaze sixabane namuntu. Asazi ngxabano. Okunye okwasimangalisayo ukuthi uNdunankulu weSifundazwe asitshene ukuthi iSilo nxa besicelela kuso lolusuku Iwanamuhla besesithi

kwashaywa umkaso nezingane zaso. Samangala ukuthi ngabe ngobani kanti abashaya iNdlunkulu naBantwana, bethunywe ngubani. Ngashaqeka mina kakhulu nanjengoba ekulimaleni kweNdlunkulu kwaze kwalimala nodadewethu kaBaba eNsabekhuluma ekhaya uNokuthula. Nasekulimaleni kweNdlunkulu yeSilo engozini yemoto kwaze kwalimala neNdlunkulu yakwaMinya esiyabangeyalalpha eNyokeni, engudadewethu kaBaba e-KuShumayeleni uNtombiyombango. Ukuthike kanti ngobani abenza lento nxa nj alo kuthi nxa kukhulunywa ngosuku lokuba ngihlangane neSilo besesikhuluma ngalengozi yohlaselo kube sengathi nginolwazi mina lwayo.

Khona khona lapha sesibona amaphephandaba esenakaza ukuthi iSilo sithi yiNkatha lena eyalimaza iNdlunkulu naBantwana. Uma khona lapho sesibona kuleliphepha bhuku elibizwa ngeTRIBUTEâ\200\231, lapho kukhuluma khona uMntwana uSibusile ethi "akusho lutho okushiwo â\200\230nguButhelezi, kakufanele kufe abantu". Lento ibisigonda ngqo ukuthi lapho iNdlunku lu
uKaMathe noMntwana uSibusile bekhuluma khona nezintatheli zaleliphephabhuku besekungena igama lami lingeniswa ngumntwana weSilo owalimalayo uMntwana uSibusile. Ngake ngasibikela iSilo ukuphatheka kabi kwami ngoSibusile lapho ekhuluma khona nezingane ezinye engibiza ngo Gatsha.

Ngase ngikhulumile mhla ka 15 March ukuthi lapho ngethuke khona ngethuswa liphepha lase-Australia nokuzwa ukuthi iSilo sathi mhla simenywe nguMengameli ekudleni kwaSemini ngayizolo kade kubekwa uMengameli sathi iSilo yonke leminyaka engaphezu kuka 20 ngiphethe mina uHulumeni waKwaZulu iSilo sasigqgilaziwe yimi - ungcono uMengameli uMandela ngoba yena wayeboshwe eJele kodwa sona iSilo sasiboshwe sisemzini kaYise. Lokhu ukukhuluma nokho kwakungekusha kwakuzwakele ukuthi iSilo sakusho singakuhlebi mhla kubekwa ebukhosini iNdlafa yeNkosi uZwelibanzi Nzuza eMthunzini. Kwanakazwake lokhu ngamaphephandaba namaphephabhuku. Kwashiwo konke ukuthi mina neNkatha bengisondele eSilweni ngisondelele ukuba ngizuze ukuba amalungu ajoyine iNkatha ngeSilo. Ngiyafisake ukuba sibuyisane neSilo ngoba singitshene lokhukusigqilaza kwami ngoba nxa sesikuchazile ngifuna ukuxolisa kuso.

Ngiyofisa ukwazi nokho ukuthi noNggengelele neSilo uShaka babesondelene ngoba wayesebenzisa iSilo ukuzuza abalandeli yini. Ngiyafisa ukwazi ukuthi neNgonyama yakwaNodwengu iNkosi uMpande eyathi uMnyamana nguyise waBantwana bayo wayehola INkatha yini. Ngiyafisa ukuchazelwa ukuthi neSilo sasoNdini iNkosi uCetshwayo wathi nguMdidiyeli wempi kaZulu noNdunankulu ukhokho wami uMnyamana ngoba wayehola iNkatha yini. Ngiyafisa ukwazi ukuthi ekufikeni kuka Prince of Wales iSilo sakwaDlamahlahla iNgonyama uSolomon ka Dinuzulu sasimemezela uBaba uMathole Eshowe ukuthi unguNdunankulu wezwe iNkatha yayikuphi. Ngiyafisa futhi ukuchazelwa ngokuningi engikwaziyo ngiyingane laphekhaya lapho kwakulindelwa ungaghubeki umhlangano ize ifike iNkosi yakwaButhelezi izimbizo nezazibizwa nguMntwana Omkhulu wakwaSokesimbone ephethe isikhundla sobukhosi boHlanga ekushoneni komnewabo iNkosi yakwaDlamahlahla. Ngikhumbula iNkosi uAlbert Lutuli engixoxela ukuthi akukho okwakwenzeka ngezimbizo laphekhaya engakafiki uNdunankulu ka Zulu onguBaba ongizalayo. Ngiyakhumbula ngenkathi kunembizo ngodaba IwaBantwana beSilo sakwaDlamahlahla. Ngiyakhumbula imbizo ize inqunyelwa ilanga langakusasa ngoba engakafiki, lokho angikuxoxelwa ngazibonela ngamehlo ngizizwela ngezindlebe ngiyingane laphekhaya.

Ngiyamangala ukuthi mina-ke eSilweni sakwaKhethomthandayo iNkosi uBhekuzulu ka Solomon ukuthi yonke leminyaka ebusa aze edlule ngangenza yonke imisebenzi kaNdunankulu ngoba-nje uMntwana uMagogo ongizalayo elamana neNkosi emzalayo? Sona iSilo lesi ekushoneni kweSilo besifika kimi ngenkathi singasezwani mina noMntwana Omkhulu ngodaba Iwezimali zesililo. ISilo sifika noma nini. Ngesinye isikhathi iSilo sifika neNdlunkulu yeSilo yonke ebusuku KwaPhindangene, sizongilandisa ngesikwenziwayo. Ngaze ngakhipha uMntwana wakwaDlushiye owayenguNobhala wami ngaleso sikhathi.

Ngaphatheka kabi emoyeni uma ngiphendula uSifiso ngo 1994 ngithi nxa etshena izwe ukuthi angisiye uNdunankulu ka Zulu kwakwenziwa yini ukuthi iSilo sakwaKhethomthandayo umsebenzi wonke wokusingcwaba uphathwe yimi. Babesekhona abaNtwana beSilo sasoSuthu iNkosi uDinuzulu ngisho uMntwana wakwaSitholani uMntwana uMatholegwaqa ka Dinuzulu owelanyaniswa neSilo sakwaDlamahlahla kanye noMntwana waseMahashini uMntwana uMagangeni owayengasekhoke yena, yingakho wonke umsebenzi wokungcwaba iSilo sasiwuphethe naye uMntwana wakwaSitholani. NaBantwana beSilo sakwaDlamahlahla abangabazabami iningi labo lalisaphila ukukhothama kweSilo sakwaKhetha. Yingakho ngaphatheka kabi nxa ngizwa ukuthi iSilo nxa ngiphendula uSifiso owayethi angisiye uNdunankulu ka Zulu futhi lesisikhundla asikaze sibekho, besengizwa ukuthi iSilo sithi angisho izindleko engazikhiphayo kungcwatshwa iSilo uyise sizikhokhe. Kodwa lokho akubangabuhlungu ngendlela okubebuhlungu ngayo nxa nginikwa istatimende esifungelweyo j-affidavit yeSilo, sisho khona lokho. Nansi lapho yena umlamu waso iSilo sifunga phambi kukaNkulunkulu ukuthi asikwazi ukuthi ngake ngangu Ndunankulu ka Zulu mina. Kumbe lendaba yiyo embi kakhulu kukhokonke lokhu ngoba njengoba iSilo singakamemezeli eMaKhosini ngomlomo waso ukuthi angisekho kulesosikhundla ngazi ukuthi

ngisekusolesosikhundla mina. Ngazi kungumsebenzi engawuzalelwa futhi ukuba ngiwenze. Futhi ukuze ngikwazi ukusebenza namaKhosi nanjengoba esengikhethile ngingu Sihlalo weNdlu yawo kuhle iSilo sicacise loludaba namhlanje.

Isizwe ekuganweni kweSilo nguMntanenkosi waseSwazini ngathumela amaKhosi akhona ukugoqa izinkomo ezazivela eMaKhosini zokulobola uMntanenkosi. AmaKhosi ayekulalela lokho ngoba kushiwo yimi njengoNdunankulu, ngangingethunywe muntu ukukwenza lokho. â\200\230Ngamisa umgcagco ngakha umuzi waKwaKhangela. UMhlonishwa uMtetwa lo ngamkhipha noMntwana wakwaDlushiye nabanye ukuqoga iminikelo yokubekwa kweSilo. Ngibala-nje okubili ngiyeke okuningi ngenxa yesikhathi abaningi abangakufakaza ikakhulu amaKhosi

naBantwana neNdunkulu.

Konke lokhu amaKhosi noZulu ayekulalela ngoba kuphuma ngomlomo ka Ndunankulu ka Zulu. Ngisho umgcagco woMtwana uNonhlahla iSilo sakwaKhetha sathi angikumemezele eSizweni ngicele nokuba ingane yaso icinyeliswe, ngakwenza konke lokho. Ekuguleni kakhulu kweSilo sakwaKhetha ngipheshe ya ngo 1963, iNdlunkulu yakwaDlamahlahla, iNdlunkulu OkaKhilane neNdlunkulu OkaMphimbo nenye yakhala izinyembezi evulande KwaDlamahlahla ngizobika ukuthi sengibuyile phesheya. Yathi ucishe wasishiya umzawakho ngakho yathi iNdlunkulu uVaka: "Besibalisa Gatsha sithi sizomngcwaba nobani nxa ungekho". Yayisho ukuthini ngoba abafowabo beSilo neNdlu yeNkosi uMpande yayisekhona. Namakhanda endlu yobuKhosi oMntwana waKwaSitholani namanye amadodana eSilo salaphekhaya ayesaphila. NoMntwana waKwaMinya wayesekhona.

Ezinsukwini ezedlule mhla ka 11 Oktoba 1996 iSakhiwo Sezwe sokugcina i-Constitution ivunywe okokugcina isizathu sami sokungabibikho neQembu lami yikuthi kusukela kusahlangene u-CODESA ngengaba ukuya ngithi ngoba uMnu. de Klerk owayengethembisile ukuthi iSilo siyobanethimba laso njengokucela kwami ezingxoxweni wayekiswa nguMengameli uMandela owathi iSilo lesi singaphezulu yini kwamanye ama"Paramount-Chief" no Mnu. de Klerk wasengijikela. Ngenkathi iSilo sithi sifuna izimfuno zaso yimi ebengicela AmaKhosi naBantu bawo ukuphelekezela iSilo ukuya ePitoli naseThekwini. Ngenxa yalokho kwenza kwami ukumela iSilo nezimfuno zaso - saze sasayinda noMengameli u de Klerk esekulesosikhundla kanye noMengameli uMandela, ukuthi iQembu lami Inkatha eyase inqume ukuthi ayiyi okhethweni luka 27 April 1994, yavuma ukuya nxa esethembise ukuthi udaba Iwesikhundla seSilo luyolungiswa emva kokhetho, kanye nezinye izinto ezazilenga. Uthe uma uMengameli uMandela engasasifezi lesosivumelwano wathi iSilo sithi kasifuni balamuli sona bangaphandle ukuba bazoxazulula loludaba. Wathi iSilo sithi kufanele lulungiswe lapha ngaphakathi kulelizwe. NoSifiso wamemezela kaningi ukuthi konke lokhu iSilo esasikufuna naso sasikwenziswa nguButhelezi-nje iSilo sona kasihambisani nakho ukusho kaningi ngisho emisakazweni.

Yimi lo engaphikelelayo kuMengameli u-de Klerk ngamtshena ukuthi kakubizwe iPhalamende eyisipesheli ukuze kufakwe isikhundla seSilo eSakhiweni Sezwe i-Constitution. Kodwa kuthe nxa sekwenziwa lesi sokugcina iSakhiwo Sezwe i "final Constitution", kakusekho lutho oluphatha iSilo nesikhundla seSilo kuso kanye nazikhundla zezisekelo zeSilo AmaKhosi la esinawo lapha. Kodwa phela besengibona ukuthi kufanele kubenjalo ngoba uSifiso washo ukuthi konke lokho kwakuyinto kaButhelezi. Namhla elapha uMengameli mhla ka 15 March wamtusa uSifiso ethi usebenza kahle esho phela khona lokhu abamfaka lapha beqonde ukukufeza ngaye i

Silo, wena kade kuzwakala uzisholo ukuthi akekho ongehlukanisa igazi lakho nelami. Uthi Silo uDokotela ohlakaniphe kanjalo ongenzalokho akakabibikho. Kodwa ngithukwe ngoSifiso bethi njengoba ngakhipha i "Tribute" mhla ka 15 March bethi umndeni walapheâ\200\231Ndlunku lu
uthi angisiye mina owomndeni walapheâ\200\231khaya kusho uSifiso umkhulumeli wakho Silo.

Njengoba Silo kuyahlambulukwa ngicela ukuhlambuluka impela ngoba kakulungile ukuba lezizinto ngize ngife nazo zingahlanjululiwe wena Silo sizalana kabili nawe ngokwakini kwaZulu, nangokwakithi kwaButhelezi uMcebile kaNdulungo ka Mnyamana ungunina weNdlovukazi uThomo iNdlunkulu ekaThayiza ezala wena. Kodwa ngizwe izinsunsu zamagama okuthi uMnyamana wembuka ngakho nakimi sekuvuka inyama ogqokweni. Ngabe yayincengani iNkosi yakwaDlamahlahla, uma ithatha uMntwana uMagogo ingane yakwabo kanina uSilomo emnika uBaba, nxa beyizitha ezingaka abakwaButhelezi laphekhaya. Futhi yena wayeseseduzane kakhulu nalezizehlo kunawe. Ngazi ukuthi njengoba iSilo salaphekhaya iNkosi uDinuzulu wayefihlwe eKushumayeleni-nje neNdlunkulu yayisele kuye ekuthathweni weSilo sasoNdini ngabelungu. Kwathi iSilo sesibuyile mhla sifikela eMakheni uSomtsewu wake akayethula iNkosi kuZulu noma esephelele eseyiziwici ngoba engakafiki uMnyamana ngoba wayefanele amethule kuye. Izincwadi zikaBaba uDr Seme ama-Blue Books athi kwalindwa uMnyamana ngoba wayesekhulile kuhanjwa ngezinyawo, futhi ehamba " neNdlunkulu yeSilo Ijindi, kanye nezingane zaso, ukuya eMakheni, besuka emzini wakhe

Ekushumayeleni.

Emva kokuba sekubizwe uMntwana Omkhulu wakwaMinya i-Gongodwana, uMntwana uNdabuko wakwabo weNkosi yaSondini kanye no Mnyamana nabanye abaNtwana abanjengoMntwana uZiwedu ka Mpande waseMatheni babizwa Eshowe ukuba bazotshenwa nguMalimade ukuthi u-Zibhebhu useyabuyiswa eNyoni lapho ayebalekele khona emva kwempi yaseTshaneni. Kwathiwa akabuyele ekhaya kwaNongoma, Ebhanganoma. ISilo salaphekhaya siselibhungu sathi: "Akukhonja eyabulala uyise engabuye ize lapha kwaNongoma". UMnyamana wathi kuso iSilo: "Mntanami (esho eNkosini) kungenza yini ukuthi kungathi nxa amaNgisi eziholela isimaku sawo ngoghotho bese uthi wena uzosishaya ucabange ukuthi angakuyeka wena na?" ISilo kasaze sezwa lutho ngalokho. Kuthe khona lapho iNkosi yalaphekhaya yayingena KwaCeza ehlathini yamema impi, kwamenyezelwa ukuthi isihlomile. AmaNgisi ngesikhundla sakhe uMnyamana athi akaye kwa-Ceza ayokhuza umntanakhe. UMnyamana wayesekhulile, wayesethuma inkosana yakhe u-Tshanibezwe waphelekezelwa ngamasotsha ayesuka laphayana esikanekisweni eNkonjeni, kanye nabantu ke bakayise bakwaButhelezi. Kuthe bengakafiki ehlathini kwaCeza elinye lamasotsha amaNgisi lase lidubula. UTshanibezwe waphenduka laphoke nabantu ayehamba nabo, wathi kanti nizokulwa neNkosi yini njengoba besithunywe ukuzoxoxa nayo na? Kuthe nxa sebephendukile bebuyela emuva kwaphuma ibutho elalihamba neShudu uMankulumana ka Somaphunga labalandela kwasakubaxosha. UTshanibezwe wayemkhulu ngesidumbu egibele ihashi. Kuthe nxa esengase Chinsweni ihashi lakhe lakhathala. TIhashi alabe lisafuna ukuhamba. Lelobutho lamfica lapho uTshanibezwe okuthe abanye kulo ibutho sebethi kagwazwe wakhuza uMankulumana wathi "Lapha enzeni umtakaMnyamana". Nempela akenziwa lutho.

Kuthe nxa sekwenzeke lokho uMnyamana wathi kumadodana akhe naBantu bakhe - "Ningabenkosi nxa iNkosi isihlomile hambani niye kuyo". Nempela-ke umuzi wakwaButhelezi waphuma. Amadodana kaMnyamana ayentanganye neSilo uDinuzulu - â\200\230eyiMbokodebomvu, uMathentamo e-Nsukaze no-Simelwana kwaNhlonga bahlabana empini ˜yakwaNdunu.

Ngiyamangala nxa laphekhaya kungakhulunywa kimi Kkanje ngoKhokho wami obizwa ngokuthi: :

"Yisikhukhukazi esimaphiko

Esifukamele amazinyane eNgonyama

Phakathi kuka Godlankomo noCeza",
ngoba ngabe iSilo uDinuzulu kabangakho ukuba kafihlwanga ekuShumayeleni ngabe wafela kwaMandlakazi njengoba ebongwa naye - ngokuthi "Yintukuzo ethukuzwe Ekushumayeleni", bese ethukwa ngobumbuka ngokuphendukezelwa kwalama iniso enzekayo ngu Nobleman Nxumalo (uMzala) -egameni le-ANC bese kuthiwa sekuvuke inyama oggokweni kimi. Ngoba ngenzeni? Ngiyiggilaze ngani iNgonyama? Ngiyigqilaze ngakho ukuyisebenzela yonke leminyaka ngobugotho nangokuzinikela kwami okungaka. Kanti liginiso impela ukuthi "uMlungisi uZithelisisila".

Kudunyiswe uSifiso laphekhaya angikhiphele isibhamu eStudio kwabona lonke izwe efuna ukungibulala. Kuthiwe unesibindi ngokusukelana nami kanti uyakwazi ukubamba ibhubesi ngoba engithuka - enginyokofula ko TV nasemaphepheni. Lezizinto zibuhlungu kimi futhi zifanele zibebuhlungu ngisho kumzawami iSilo sakwaKhetha lapho sikhona. Futhi zifanele zibebuhlungu nakuMalume wami uMgqwalajuba owangilokothayo. Zifanele zibebuhlungu

nakugogo iNdlovukazi yalaphekhaya uNomvimbi (OkaMsweli). Yikho ngidluia kuzo-nje ngoba kangifuni ukufa nazo angisengane sengimdala.

Ngaphezulu kwalokho Silo, uMntwana waseNxangiphilile ngamkhulumela = umkhipha eMkhandlwini oShayumthetho ekumele khona ngathi "nguyihlo". Ngenkathi ehamba lapha wayexabene nawe 'ngezinkuni" enaphambana ngazo Ondini. Kangikaze ngixabane naye mina. Kodwa uthe angangena ku-ANC wangiyoca ngazo zonke izinhlamba lezi. Wena ngokwakho Silo waze wakhipha ibhasi lathatha iNdlunkulu iyokhala KwaPhindangene ngezinhlamba zoMntwana waseNxangiphilile ayengiyoca ngazo emsakazweni nakUmAfrika. Uthe uMntwana ngeke mina ngiyiwele iMfolozi ukuza laphekhaya. Kwabizwa abaNtwana udaba loMntwana Iwakhulunywa ngingekho mina ngangibambekile. Wena Silo ubuthi usho kumkami uMamzila ngikhona uthi: "Akasoze abuye alubeke lapha nguye uBaba lo ngalokhukukholwa kwakhe oyobuye amkhulumele". Kangiphambene nakancane ukuthi uMntwana Omkhulu neSilo babuyisane - kodwa okubuhlungu kimi yikuthi singabesisatshenwa lutho nxa esebuyiswa. Silo uyazazi izinto ebezikhulunywa ngoMntwana laphekhaya engingezukufika kuzo ngoba ngimdala angisiyo mina ingane.

Silo kubuhlungu ukuba nezipho zami njengebhuku lomlando engalithumela ngoKhisimuzi ngomunye unyaka ngizwa ukuthi lashiswa. Nokunye engingasekufika kukho. Noma ngamanga la angisazi ngoba phela sengimubi kangaka lapha kwethu.

Ngifisa kuhlambulukwe lezizinto zedlule siqale iphepha elisha kodwa kwedlulwe kuzo ukuze nabaphansi bazi ukuthi zikhulunyiwe zedlula.

Mina kangisoze ngisaphila ngifise ukuba lobubukhosi bakwethu bubulawe ngakhe imikhanya . ngisho noma bubulawa ngabaninibo. Abantu bakaDinuzulu mina ngihlale nabo ngisebenza - ngaphansi kweSilo esikuzalayo Silo, kwaze kwabakuwe. Ngeke basho ukuthi ngake ngenza okubi ngawe njengeNkosi yabo nangoBukhosi. Silo uyazi wena ukuthi zikhona izigigaba zenzeka zenziwa nguwe kimi kuleminyaka nazo zikhulunywe zedlule kimi. Okubi yikuba nezingane zakho Silo sezikhuluma ngami ngalendlela uMntwana uSibusile nezinye abakhuluma ngayo ngami. Ngabika kuwe uSibusile engibiza ngo"Gatsha" bayazi ukuthi konke okwenziwa nguHulumeni kwenzelwa bona qobo nobukhosi kwaqalwa yimi kwenziwa yimi. Akukabibikho okuqalwa phansi ngu Dr Mdlalose. Ngingancengi lutho kodwa ngithi ngenza umsebenzi wami engawabelwa yiSilo sakwaDlamahlahla, neSilo esikuzalayo. Noma bangaphika bathini o-Mathambo Gwala bayawazi amagama eSilo ebesiwakhuluma ngami bekhona. :

Futhi Silo nabo labo abayizimbangi zami cishe babonile manje ukuthi iningi labantu

kakaDinuzulu ngeke bavume kudlalwe ngami noma ngidayiswa ngingonanga lutho laphendlini kwethu nasebuKhosini naseSizweni esingaMakhosi naBantwana beNkosi.

00000